# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto elithiwa Reminisere, ngomhla ka 04. 03. 2012
15/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 98/90
2. **Umkhuleko:** Kristu, Mvana kaNkulunkulu ethwala izono zezwe, sihawukele! Kristu, Mvana kaNkulunkulu ethwala izono zezwe, sihawukele! Kristu, Mvana kaNkulunkulu ethwala izono zezwe, siphe ukuthula kwakho. Amen.
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 5:1-11
   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMarku 12:1-12.
4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
5. Iculo 148/138
6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
7. **Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesine lilotshiwe

kuIsaya 5:1-7, lithi: "Mangihlabelele ngothandiweyo wami, isihlabelelo sothandiweyo wami ngesivini sakhe. Othandiweyo wami wayenesivini egqumeni elivundile kakhulu; wasimba, wakhipha amatshe aso, wasitshala ngomvini omuhle, wakhe isiqongo sokulinda phakathi kwaso, waqopha isikhamo kuso, wethemba ukuthi siyakuthela izithelo zomvini, kepha saveza isithelo zasendle. Manje nina enakhileyo eJerusalema namadoda akwaJuda, ake nahlulele phakathi kwami nesivini sami. Nga kwenziwani futhi esivinini sami engingakwenzanga kuso na? Kungani ukuba lapho ngithembe ukuthi siyakuthela izithelo zomvini, saveza izithelo zasendle, na? Singiyakunitshela engiyakukwenza kuso isivini sami: Ngiyakususa uthango lwaso, ukuze sidliwe, ngidilize ugange lwaso, ukuze sinyathelwe. Ngiyakusenza sibe yincithakalo; asiyikuthenwa, asiyikulinywa, kepha kuyakuvela amakhakhasi nameva; futhi ngiyakuyala amafu ukuba anganisi imvula phezu kwaso. Ngokuba isivini sikaJehova Sebawoti siyindlu kaIsrayeli, namadoda akwaJuda ayisithombo sakhe esithandekayo; wabheka ukwahlulela, kepha bheka, ngukucindezela, yebo, ukulunga, kepha bheka, ngukukhala." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, sesiqalile isikhathi senzilo, okuyisikhathi lapho sikhumbula khona ukuhlupheka okunzima nokufa okwesabekayo kweNkosi yethu uJesu Kristu. Namuhla-ke sekuyisonto lesibili esikhathini senzilo. Lelisonto lanamuhla libizwa ngokuthi: Reminisere! Okusho ukuthi: Khumbula. Leligama likhishiwe eHutsheni eliqondene nesonto lanamuhla, Ps 25, lapho sithola khona amazwi, athi: Khumbula, Jehova, ububele bakho nomusa wakho, ngokuba kukhona kwaphakade. Yebo bandla, nathi kulesisikhathi senzilo, masikhumbule ububele nomusa kaJehova esenzele wona, ngokusihluphekela nangokusifela kwakhe esiphambanweni, sime phansi kwesiphambano, siphakamise amehlo ethu, simbheke lowo olenga esiphambanweni ngenxa yezono zethu. Futhi simcele ukuba angazikhumbuli izono zobusha bethu, neziphambeko zethu, kepha asikhumbule ngokomusa wakhe ngenxa yobubele bakhe.

Manje ake sibhekise amehlo ethu kuwo amazwi entshumayelo yethu yanamuhla. Amazwi entshumayelo yanamuhla siwafumana elotshiwe encwadini yomprofethi uIsaya. Kulamazwi umprofethi simuzwa ehlabelela iculo ngothandiweyo wakhe, uthi: Mangihlabelele ngothandiweyo wami, isihlabelelo sothandiweyo wami ngesivini sakhe. Othandiweyo wami wayenesivini egqumeni elivundile kakhulu, wasimba, wakhipha amatshe aso, wasitshala ngomvini omuhle, wakha isiqongo sokulinda phakathi kwaso, waqopha isikhamo kuso, wethemba ukuthi siyakuthela izithelo zomvini, kepha saveza izithelo zasendle. Sekuyavela umbuzo othi: Lesisivini umprofethi akhuluma ngaso lapha singubani na? Impendulo ithi: Siyiyo indlu kaIsrayeli. Mninisivini okukhulunywa ngaye lapha ngubani na? Impendulo ithi: Nguye uJehova-Sebawoti.

Bandla, ngithi siyakhumbula ukuthi uJehova wayesikhethile isizwe sakhe uIsrayeli, wabeka igama lakhe kuso, ngoba ebathanda abantu bakhe, simuzwa ethi: Isivini sakhe wasimba, wakhipha amatshe aso, wasitshala ngomvini omuhle, ukuze sithele izithelo ezinhle, wakha isiqongo sokulinda phakathi kwaso, ukuze singadliwa yizinyoni, waqopha isikhamo kuso, ukuze kuthi uma izithelo zaso sezivuthiwe zikhanywe amanzi, yebo, wethemba ukuthi isivini sakhe siyakuthela izithelo zomvini, kepha saveza izithelo zasendle, ezibabayo ezimuncu. Lawamazwi ayakhomba ukuthi lomninisivini wayesinakekela futhi esikhuthalele isivini sakhe, esiyisizwe sakhe. Nokho lesisizwe asilalelanga umthetho wakhe, sahlubuka kuye. Simuzwa umprofethi ekhomba ngokusobala ukuthi lababantu bamshiyile bamhlubuka uJehova, uthi: Yizwani, mazulu, ubeke indlebe, mhlaba, ngokuba uJehova ukhuluma uthi: Ngikhulisile ngiphakamisile abantwana, kepha bangihlubukile, inkabi iyamazi umniniyo, nembongolo umkhombe womnikaziyo, kepha uIsrayeli akangazi, isizwe sami asiqondi, Isaya 1:2-3.

Yebo, isivini sikaJehova-Sebawoti, siyiyo indlu kaIsrayeli, namadoda akwaJuda ayiso isithombo sakhe esithandekayo. UJehova wabheka kubo ukwahlulela, kepha bheka, kwaba ngukucindezela. UJehova wabheka kubo ukulunga, kepha bheka, kwaba ngukukhala. Umprofethi uyakhala ngabo ngendlela ethusayo eyesabisayo impela, uthi: Wo, kubona abenza lokhu nalokhu okubi.

Ngakho-ke uMninisivini uJehova-Sabawoti uyabuza, uthanda ukuzwa kubo abakwaJuda nabakhileyo eJerusalema ukuthi siyini isizathu esenza ukuba bathele izithelo zasendle na? Uthi: Ngakwenziwani futhi

esivinini sami engingakwenzanga kuso na? Kungani ukuba lapho ngethembe ukuthi siyakuthela izithelo zomvini, saveza izithelo zasendle na? Noma bengaphendulanga. Nokho impendulo iyakhanya, ukuthi konke okubi abalahlwa ngakho akuveli kuMninisivini, akuveli kuNkulunkulu, kepha kuvela kubo uqobo. UNkulunkulu wabenzela konke okuhle, ukuba baveze izithelo ezimnandi, kepha bona bamhlubuka, bamshiya uNkulunkulu, esikhundleni sezithelo ezinhle nezimnandi, baveza izithelo zasendle ezibabayo.

Bandla, kuyabonakala ukuthi isikhathi sokuphenduka siyaphela, uMninisivini usethatha isinqumo ngabo; ngakho ayakukwenza kuso isivini sakhe, uthi: Ngiyakususa uthango lwaso, ukuze sidliwe, ngidilize ugange lwaso, ukuze sinyathelwe, ngiyakusenza, sibe yincithakalo, asiyikuthenwa, asiyikulinywa, kepha kuyakuvela amakhakhasi nameva. Futhi ngiyakuyala amafu ukuba anganisi imvula phezu kwaso. Ngalamazwi ngithi kuyabonakala ukuthi isikhathi somusa sesiphelile kubo. Ithemba alisekho. Lesisivini esingathelanga izithelo esifunekayo sesiyakuba incithakalo, isizwe sakhe esingavezanga izithelo azifunayo sesiyalahlwa ngesijeziso esingukulahlwa nokufa kwaphakade.

Bafowethu, bodadewethu, lawamazwi aqonde kithi namuhla. Ngithi nathi ngombhapathizo uNkulunkulu wasamukela ukuba sibe yisivini sakhe, ukuba sibe yisizwe sakhe nabantwana bakhe. Yebo, uNkulunkulu nathi uyasithanda, uyasinakekela, njengalokhu umninisivini enakekela isivini sakhe. UNkulunkulu uyasondla ngezwi lakhe, nangamasakramente akhe angcwele, lapho esipha khona ukuthethelelwa kwezono, ukuze sithole izithelo ezinhle nezimnandi. Kodwa nanamuhla phakathi kwethu kusekhona abahlubukayo kuye, kusekhona abahamba ngezindlela zabo bephambana nemiyalelo yakhe.

Yebo, nathi uJehova usikhulisile, usiphakamisile njengabantwana bakhe, kepha samhlubuka, inkabi iyamazi umniniyo, nembongolo umkhombe womnikaziyo, kepha thina asimazi uJehova asiqondi. Kunjalo nangawo amakhosi nababusi balelizwe, uJehova wabheka kubo ukwahlulela, kepha ngenxa yemivuzo, bakuphenduklile kwaba ngukucindezela, yebo, uJehova wabheka kubo ukulunga, kepha kwaba ngukukhala. Wo, kubona abenza okunjalo!

Mfowethu, uJehova-Sabawoti uyabuza kuwe namuhla ukuthi siyini isizathu esenza ukuba uthele izithelo zasendle na? Uthi: Ngakwenziwani futhi kuwe sivini sami engingakwenzanga kuwe na? Kungani lapho ngethembe ukuthi uyakuthela izithelo zomvini, uveze izithelo zasendle na? Kungani lapho ngethembe ukuthi uyakuthela izithelo ezimnandi, uveze izithelo ezimuncu na?

Ngakho-ke wena ongakaphenduki, ongakabhapathizwa, nawe ohlubukile, bonga, ngokuba kuwe, isikhathi sokudabuka nokuphenduka sisekhona, kuwe akunjengakubo abakwaIsrayeli nabakhile eJerusalema, kubo ithemba lalingasekho, base bebheke isahlulelo sokulahlwa nokubhujiswa kuphela. Kepha kuwe noma kusengakatholakali izithelo ezinhle namuhla, bonga, ngokuba kusaphindwa ukuvukuza inhlabathi emaceleni, kusathelwa umquba wezwi likaNkulunkulu. Mhlawumbe ungahle uthele ngokuzayo. Kodwa uma kungenjalo nawe kuyakususwa uthango lwakho, ukuze udliwe, kudilizwe ugange lwakho, ukuze unyathelwe, uyakuwenziwa ube-yincithakalo, awusayikuthenwa, awusayikulinywa, kepha uyakuveza amakhakhasi nameva, uNkulunkulu uyakuyala amafu ukuba angaphindi anise imvula yezwi phezu kwakho, uzonqunywa uphonswe esihogweni somlilo.

Yebo, mhlobo wami, usawezwa lawamazwi ungalibali, ungasho ukuthi ngizobona kusasa, kepha namuhla uyabizelwa ekuphendukeni nasentethelelweni yezono. Shesha, lungisa indaba yakho noNkulunkulu usaphila! Shesha, zinikele kuJesu Kristu owafela izono zakho. Yena akathandi ukufa kwami, akathandi ukufa kwakho, kodwa uthanda ukuba bonke abantu basindiswe ngokukholwa nguye.

UNkulunkulu uBaba wethu osezulwini akasisize thina sonke, asiphe uMoya wakhe oNgcwele ukuze kuthi sisawezwa lawamazwi, asithinte ezinhliziyweni zethu, ukuba sibone ukuthi nathi, bekubhekiwe kithi izithelo ezinhle, kodwa saveza izithelo zasendle, sicele kuye ukuba asiphe ukuphenduka, siveze izithelo ezinhle nezimnandi, ukuze kuthi ngosuku lokuvuna kuvunwe phakathi kwethu izithelo ezinhle, kube ngukuphila okuphakade. Amen.

**9. Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siyabonga, sibonga izwi lakho elingcwele esesilizwile manje. Nkosi, siza kuwe njengomvini, siyazi ukuthi nakithi ububhekile izithelo ezinhle, kepha saveza izithelo zasendle. Nkosi, siyacela sithi: Ake usithethelele zonke izono zethu ngomusa wakho. Usisize, usiphe ukuphenduka, ukuze kuthi mhla uKristu ebuya ngosuku lokugcina asifumane sesiyibo abathelayo izithelo ezinhle nezimnandi, usibuthe kanye nabakhethiweyo bakho, usingenise ekuphileni okuphakade owasilungisela khona ngokufa nangokuvuka kweNdodana yakho uJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen.
Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 26/136

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1993 ngu-F. J. Mtshali
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.